health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

**MSELENI HOSPITAL**
PO Sibhayi Sibhayi 3967
Tel: +27 (0) 35 574 1004
Fax: +27 (0) 35 574 1559
Email: Thabani.Ntuli@kznhealth.gov.za

# Kwakuyizingelosi uqobo, begqoke ezimhlophe qwa abahlengikazi baseSibhedlela saseMseleni





**Abahlengikazi bezothile belungiselela ukusho isifungo sabo I Nurses' Pledge**



Izihlathi bezivakashele izindlebe kubasebenzi baseMseleni ngenkathi kugujwa usuku lwabahlengikazi ziyi- 7 kuNcwaba 2013 ehholo lomphakathi eVuka Mabaso khona belu eMseleni.

Phela bekuyidili ngisho indumezulu uqobo lwayo lapho bekukhona izihambeli ezivelela ezibhedlela zonke zeSifunda seZempilo uMkhanyakude. Bekumhlophe njengeqwa lasekapa ngenkathi abahlengikazi befake umfaniswano omhlophe bezigqaja kad ungabona wena.

Le ndumezulu ibihlelwe ngenhloso yokuhlonipha iqhaza elibanjwe abahlengikazi empilweni yesizwe. Indima edlalwa abahlengikazi kwezempilo ukuhlenga labo abangena mandla; "Phela uma unikwe isinkwa sokuba umhlangikazi usuke ukhethwe uMvelinqangi uqobo, ngakho kufanele ukhumbule ukuthi uma ubiziwe kufanele wenze lokhu obizelwe kukho" kusho Unkosikazi S.F. Mthimkhulu weHhovisi leSifunda seZempilo uMkhanyakude eyala abahlengikazi. "Imiphefumulo enganamandla kufanele inakekelwe ngokuyikho, ngokuthembeka,nangentshisekelo, Phela abahlengikazi kumele bakhumbule ukuthi lo msebenzi wobuhlengikazi uwubizo, awufani neminye imisebenzi njengoba umsunguli wawo uFrolence Nightingale wawuqala ngenxa yentshisekelo yokuhlenga ababuthakathaka. Abahlengikazi futhi kumele bazazi izinto uhulumeni azibeka phambili ohlakeni lwezempilo okubalwa kuzo: inhlanzeko ezibhedlela, ukutholakala kwemithi namakhambi, ukuphathwa kahle kweziguli kanye nokwaziswa kwamalungelo azo, ukuphepha kweziguli, ukulwa nokubhebhetheka kwezifo, kanye nokwehliswa kwezikhathi umphakathi ozilindayo ngaphambi kokuthola usizo", kusho uNkosikazi N.A Khathi obeyisikhulumi sosuku, ongomunye wabahlengikazi abake badlala ndima enkulu eSifundazweni seZempilo KwaZulu Natali jikelele kwezobuhlengikazi.

Phela lendumezulu ibihleleke ngempela ngoba ngisho iziphathimandla zendawo kanye namalunga omphakathi nabo banqume ukuzogubha lolusuku eMseleni. Ubungabona lapho besekutshakadulwa kugiya nesinedolo kubungazwa ubuhlengikazi.
Lolusuku lubeyinqophamlando ngisho ezinganeni zesikole ngoba nazo bezimenyiwe ukuzobambiqhaza ngokunandisa. Usuku lolu beluxhaswe uOld Mutual.

# Nursing profession re-kindle: acknowledging nurses in the service

Like angels, covered in white garments and wearing nurses' caps, nurses from all UMkhanyakude public hospitals congregated at Mseleni Hospital to celebrate the belated International Nurses Day On 07th August 2013! The gathering was held with a purpose of reminding nurses about their duty in the public service that it is more than profession but also a calling.

Guest Speaker, Mrs. N.A. Khathi who is a retired Manager for Department of Health KZN Quality, Control; Monitoring & Evaluation emphasized that nurses should re-think their career and take it more seriously. She reminded Nurses that they are: eyes of the blind, ears of the deaf and mouth for those who can't speak. Nurses were also reminded that they should re-kindle their profession by ensuring cleanliness in their workplaces, reduce the waiting times for patients; ensure that patients are not infected with new diseases at the hospital; ensure the tender caring of patients; and ensure that patients get the medicines and treatment prescribed to them.

As the nurses were given the opportunity to say the Nurses' Pledge, Mrs. P.Z. Gumede from Bethesda Hospital urged the nurses to say the pledge with meaning from the heart on order to rejuvenate their consciences.

Furthermore, Mseleni's nursing wards that are exceptionally excellent were awarded in order to encourage them to continue to do well in their nursing initiatives; cleanest ward was awarded to Peadriatic Ward, Best Clinical Nurse was Mrs. S.E. Qwabe (Male Ward Operational Manager) and Best Practical Nurse was Ms. C.N. Maphumulo (Out-Patient Department Operational Manager).



Abahlengikazi asebaba mnkantsh' ubomvu, yibona ababesina bededelana enkundleni



Abahlengikazi bezothile bephethe izibani zabo



Ukuklonyeliswa kwama wodi enze kahle esibhedlela saseMseleni

